YIZWENI



Ngiyabonga, mfowethu.

Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko.

2 Nkosi eyigugu, siyaKubonga ukuthi sinalenhlanhla kulobubusuku ukungena eBukhoneni baKho futhi siKubize ngoBaba wethu. Futhi sicela ukuthi Uzosithatha kulobubusuku njengabantwana baKho, osindisiwe ngomusa weNdodana yaKho, iNkosi uJesu.

3 Futhi sikhulekela ukuthi Uzothululela kithi kulobubusuku lokho izinhliziyo zethu ezikubizayo, umusa ovela kuNkulunkulu, ngensindiso yemiphefumulo elahlekile, nangokubuyiselwa kweziphiwo eBandleni, nangokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwabagulayo nabahluphekile, nangenjabulo kulabo abalusizi, nangesihawu kulabo abafisa kanjalo, futhi sizoKudumisa. EGameni likaJesu, siyakucela. Amen.

4 Ningahlala phansi. Isimo sezulu esinesiphepho kakhulu esinaso, futhi nokho isibikezelo sisengukuthi iqhwa kakhulu nesimo sezulu esibandayo. Futhi ngibonga kakhulu kulobubusuku ngani bantu ophume kungakhathaleki ngesimo sezulu, kwangathi iNkosi inganipha isifiso senhliziyo yenu.

5 Kade ngihlala nje sekuleyithi kancane ngenxa ye, abantu abambalwa nje kanje ukuba ngikhulume nabo, uhlobo lokuthola isimo sibekwe obala ngokucacile, ukuze kuthi, uma isimo sezulu sisa nabantu bengena okwesixuku esihle, ukuthi ningaba ngumsizi wami ekuletheni uMlayezo weVangeli uye kwabanye.

6 Bese kuthi-ke ngeviki elizayo, iNkosi ithanda, sifisa ukuthatha ezinye izindikimba eziqinile impela ukushumayela iVangeli. Kanti, futhi, ukuze nitshele abantu, nifundiswe ukwazi ukuthi batshelwa kanjani ukuba bemukele ukuphulukiswa kwabo, nokuthi ulinde kanjani futhi ubheke iNkosi lapho uzindla ngaYo, ukuthi kuthatha ukuzindla eNkosini ukuYiletha ebukhoneni bakho. Kunjalo, ngaso sonke isikhathi. Kungenkathi sicabanga ngalezizinto ukuthi uKristu uyabonakala.

7 Ngingathanda ukufunda okomBhalo kulobubusuku... Futhi ngiyakuthanda ukufundwa komBhalo, iZwi likaNkulunkulu eliPhakade. Singasekela nje ukukholwa kwethu phezu kwalelo elibusisiwe, eliPhakade, iZwi elingafi futhi sazi ukuthi Liqinisekile. Ngifisa ukuthatha eVangelini likaMathewu oNgcwele isahluko 17 namavesi ambalwa okuqala ukufunda:

Emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPetru, uJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa,

Waphenduka esinye isimo phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zaKhe zaba-mhlophe njengokukhanya.

Futhi, bheka, kwabonakala kubo oMose no-Eliya bekhuluma naye.

Khona uPetru waphendula, wathi kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba sibe lapha: uma uthanda, masenze lapha amadokodo amathathu; elinye libe ngelakho, . . . elinye libe ngelikaMose, nelinye libe ngelika-Eliya.

Kepha *esakhuluma, bheka, ifu elikhanyayo labasithibeza: futhi bheka kwavela iphimbo efwini, lathi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo; yizweni.*

8 Futhi uma kungabizwa ngendikimba, ngingathanda ukuthatha lawomazwi amathathu okugcina evesini 5: *Yizweni.*

9 Ungahle uthi, "Mfowethu Branham, leyo yindikimba encane kakhulu nokho."

10 Kodwa khumbulani, yiZwi elilotshiwe likaNkulunkulu oPhakade, futhi lonke iZwi liphelele.

11 Bekukhona amadoda kusukela phansi onyakeni eshumayele kulendikimba efanayo selokhu yabhalwa. Futhi njalo lapho siyifunda, sithola okuthile okusha kuyo. Noma yimuphi wethu, ofunda iBhayibheli, uyazi ukuthi Liyi—yiNcwadi ngempela, akukho lutho olufana naYo olwake lalotshwa noma eliyoke libe khona. LiyiZwi elikhulu kunawo onke lawo *onke* amazwi; ngisho nemibono ingeyesibili. Uma umbono uphambene nalokho iZwi elikushoyo, khona-ke umbono awulungile. IZwi likaNkulunkulu liqinisile ngaso sonke isikhathi.

12 Futhi ake ngime lapha umzuzwana nje ukuba ngisho lokhu, futhi ngizoya erekhodini, ngoba iziqophi ziyaqhubeka: ukuthi noma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu eZwini likaNkulunkulu, uma uthatha isimo sengqondo esifanele ngakunoma yisiphi sezithembiso zobuNkulunkulu zikaNkulunkulu, uzosifeza, kungakhathaleki ukuthi siyini. Uma uNkulunkulu akwethembisa, futhi ukhombisa isimo sengqondo esifanele, uNkulunkulu uzogcwalisa isithembiso saKhe kuwe, lesosithembiso sihle kunoma ubani oyosibheka ngaleyondlela.

13 Uma benginganibhalela incwadi, ningahle nikuthokozele lokho, ngoba kuyo bekuyoba yinto ethize ekhombisa ubungani bethu. Kodwa-ke umakhelwane wakho angahle ayifunde leyoncwadi, futhi bebengethole lutho kuyo, ngoba ayisiyo kubo,

kodwa lokho akulungile ekufundweni kweZwi likaNkulunkulu, Lingelethu sonke, “othandayo.”

14 Incwadi yami iyophela lapho usuqede impilo yakho. Kodwa amadoda kusukela phansi eminyakeni afunde iZwi likaNkulunkulu eliPhakade, futhi Liwaphefumulele kuyo yonke iminyaka. Kuyiqiniso impela nje, njengoba kuxhuxhumisa nje kulobubusuku, njengoba Kwakunjalo ngalelohora impela umlobi uMathewu aLiloba ngalo. Futhi khona-ke ungabona ukuthi kungani, akunandaba ukuthi umBhalo umncanyana kangakanani, ukuthi umncane kangakanani, yingqikithi ekuWo, Kuyinto ephefumulelwe.

15 Lapha esikhathini esingeside esedlule umngani omncane edolobheni laseLouisville, wayedlala ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi, noma ikamelo elingaphansi kophahla njengoba ungahle ufune ukukubiza kanjalo, futhi wagijimela kudoti omdala owawukade ubekwe emuva futhi wathola isitembu esincane sokuposa, cishe isikwele esiyi-intshi elilodwa nje. Futhi lapho ebuka lesisitembu esincane, umfo omncane no-ayisikhilimu engqondweni yakhe, uyacabanga, “Nginomngane ongumqoqi wezitembu ezansi nesitaladi, ngizohamba ngimthengisele lesositembu ngoba singesidala.”

16 Wathatha isitembu, ecabanga ukuthi wayezothola uzuka, futhi washo wehla ngesitaladi eya kumngane wakhe ukuyothengisa isitembu. Futhi ngenkathi efika, wathi kumngane wakhe oqoqa izitembu, “Uzonginikani ngalesisitembu na?”

Umqoqi, enolwazi olunzulu, wasibuka, wayesethi, “Ngizokunika idola ngalesositembu.”

17 O, u-ayisikhilimu khona-ke wangena kumakhoni amaningi. Impela, wasithengisa ngokushesha ukuba sithengwe ngedola elilodwa. Umqoqi wezitembu wasithengisa emavikini amabili kamuva ngamadola angamakhulu amahlanu, futhi manje isitembu, okokugcina ngezwa ngaso, sibiza cishe amakota amathathu amadola ayisigidi. Ini? Isitembu esincane, isikwele esiyi-intshi elilodwa nje. Akusilo iphepha elalisho noma yini, yilokho okubhalwe esitembini okusho okukhulu kakhulu.

18 Futhi encane, indikimba yamagama amathathu, akusiwo usayizi wayo, kanjalo akusilo i—iphepha okulotshwe kulo, kuyilokho okuyikho, yiZwi likaNkulunkulu ophilayo, yilokho okukwenza kube yikho ngempela: *Yizweni*.

19 UNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, emuzweni waKhe omkhulu ngakubantu, Uhlangana emkhandlwini womuntu. UNkulunkulu usebenza kuphela ngeBandla laKhe, iBandla lingumsebenzeli kaNkulunkulu. Washo indawo eyodwa eVangelini, “NgingumVini, nina ningamagatsha.” Umvini awutheli isithelo, uhluma igatsha, negatsha lithela isithelo.

20 Ngakho iBandla liyigatsha uMoya oNgcwele asebenza ngalo. Ukhuluma ngezindebe zomelusi, Usebenza ngezandla zakhe. Futhi ngeziphiwo zobuNkulunkulu Uhlela umzimba wakhe emadlingozini, eholwa nguMoya oNgcwele ngokuzithulula futhi avumele uMoya oNgcwele ulawule, uletha imilayezo, ubona imibono. Nezinto ezinkulu, akunandaba ukuthi kungaba yini uNkulunkulu amkhethele ukuba ayenze, uma ezozinikela kuMoya, uNkulunkulu uzosebenza ngaye, noma yiliphi ilunga leBandla laKhe.

21 Ngakho siyathola, ukuthi uNkulunkulu akahlangani ngakho konke emikhandlwini emikhulu yabantu, ngesinye isikhathi Wahlangana namakhulu amahlanu, Wahlangana kanye namashumi ayisikhombisa, kwase kuba ngabathathu, futhi ngisho koyedwa. UJesu wathi, "Ukuthi lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo." Leyo ngenye yezinto ezigqamile eMenza uNkulunkulu kimi.

22 Ngibe nenhlanhla enkonzweni yami ukuhlangana namadoda amakhulu, amakhosi, amakhosi amakhulu, amakhosi anamandla, amadoda amakhulu, futhi bengiyobe ngithuthumela ngenkathi ngihlangana nawo, ngokwesaba ukuthi—ukuthi ngingahle ngisho into engalungile. Kodwa ngithola ukuthi, lapho ngifika emadodeni angamadoda amakhulu ngempela, athobekile futhi amnene kunabo bonke, akwenza uzizwe ukuthi ungumuntu omkhulu kakhulu. Kodwa yilowomfo ocabanga ukuthi uyindoda enkulu ongeke wahambisana naye, o, mkhulu kakhulu nje, ungeke wamthinta, yileyondlela okuhamba ngayo.

23 Kodwa uNkulunkulu, iNkosi yaseZulwini, ezehlisa kakhulu ukuthi Uyoza kunondindwa ophansi kunabo bonke kulelidolobha ngalobubusuku obubandayo uma kuphela ubezocela, esinxibini esitaladini, noma yikuphi lapho kunesidingo khona, nobuqotho ngakuYe, uNkulunkulu uzofika.

24 Kuloludaba, Wayenamadoda amathathu, uPetru, uJakobe, noJohane, futhi Wayesezokwembula into ethize Ayezoyenza. UNkulunkulu njalo, ngaphambi kokuba Enze noma yini, Uhlala njalo ethumela isexwayiso sangaphambili ngakho.

25 Futhi mangisho lapha, yingalesosizathu silapha kulobubusuku. Futhi yingalesosizathu leyomizamo emikhulu yemvuselelo yenziwa umhlaba wonke, uNkulunkulu ulungiselela ukwenza okuthize. Futhi njalo ngaphambi kokwahlulela Uthumela umusa. Futhi uma wedelela umusa, akukho okusele ngaphandle kokwahlulelwa, ngokuba nikwahlulele ngendlela eniwuthathe ngayo uMlayezo, nenqaba uMlayezo, akusekho okusele ngaphandle kokwahlulelwa. Kodwa uNkulunkulu njalo ukhombisa ngaphambili lokho Azokwenza.

26 Futhi siyaMbona ethatha ofakazi abathathu, uPetru, uJakobe, noJohane, futhi wenyukela entabeni ephakeme, futhi waguqulwa isimo phambi kwabo. Manje, okuthathu kuyisiqinisekiso. Niqaphelile ngenkathi Evusa indodakazi kaJayiru, WayenoPetru, uJakobe, noJohane, futhi wakhipha bonke abanye endlini na? Ufakazi ngokuthathu. “Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe.”

27 Futhi lokhu kuyinto encane nje eceleni, kodwa kwakubonakala njalo kimi, ukuthi uPetru wayemele ukukholwa, uJakobe, ithemba, noJohane, uthando: Ithemba, ukukholwa, nothando, ufakazi wasemhlabeni kaNkulunkulu. Futhi lokho kusongwe futhi kuyo yonke inkonzo evela kuNkulunkulu, ukukholwa, ithemba, nothando: ukukholwa ukwenza iZwi laKhe, ithemba ngabantu, nothando ngabo bonke.

28 Khona-ke akusikho lokho kuphela, kodwa lesisehlakalo sasisikhulu kakhulu ukuthi njalo kukhona okwenzekayo eZulwini ngesikhathi esifanayo. Kwakukhona izidalwa ezintathu zasemhlabeni: uPetru, uJakobe, uJohane; futhi eZulwini kufika uMose, u-Eliya, noJesu. NoNkulunkulu uBaba wayebuka phezu kwenkundla: ofakazi abathathu baseZulwini, ofakazi abathathu basemhlabeni, uNkulunkulu wayezokwenza okuthize. Futhi kwakufanele kufakazelwe eZulwini, futhi kwakufanele kufakazelwe emhlabeni lokho Ayezokwenza.

29 O, lokho kufanele ukuthi kwakuyihora elikhulu kulabobaphostoli. UPetru kamuva wayibiza ngentaba engcwele. Manje, kwakungesiyo intaba engcwele, ngangokuthi intaba yayingcwele, kwakunguNkulunkulu oNgcwele entabeni. Akusilo iBandla elingcwele, nguMoya oNgcwele eBandleni; akusuye umuntu ongcwele, nguMoya oNgcwele kumuntu. UPetru wathi intaba engcwele, lapho uNkulunkulu oNgcwele ehla khona, futhi balizwa iPhimbo laKhe.

30 Qaphelani manje, ngiyazi ebukhoneni kulobubusuku ngabaningi abefundisi basesontweni. Futhi ngiyaqonda, bazalwane bami, ukuthi iningi labefundisi abahle, bethatha lendikimba, ubhekisele kuyo ekuFikeni kwesibili kukaJesu, inqubo, futhi lelo yiqiniso, kodwa iBhayibheli lonke liphefumulelwe kakhulu kuze kuthi zonke izigaba zeBhayibheli zihlangane okwesisila sejuba ndawonye. Ubungathatha lendikimba futhi ushumayele noma yini kuyo, ngoba iyingxenye yeZwi likaNkulunkulu, noma yini engena eBhayibhelini izohhukana nalokhu.

31 Futhi kulobubusuku ngifuna ukukuthatha ngendlela ethe ukwehluka kancane. ETestamenteni eLidala sifunda ngokubekwa, noma ukwemukelwa komntwana. Ngenkathi umntwana ezalwa emndenini ongamenzanga, nokho, indlalifa

yazo zonke izinto. Futhi ngicabanga ukuthi yilapho abantu abaningi kakhulu namhlanje benza khona iphutha labo, ngicabanga ukuthi yilapho abantu bePentecostal benza khona iphutha, uma nizoxolela i—isisho esil'hlaza, yilapho iMethodisti yenza khona iphutha, amaLuthela, yilapho sonke senze khona iphutha.

32 AmaLuthela athi, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa. Futhi uma nje ukukholwa, unakho."

33 Qhabo, lokho kwehlukile. UPawulu, eZenzweni 19, wathi kulabobantu, "Namamukela yini uMoya oNgcwele *lokhu* nakholwayo na?" Ngakho lokho kukhipha lokho.

34 AmaMethodisti athi, "Unawo lapho umemeza." Leyo yiMethodisti yakho yasekuqaleni. "Lapho umemeza usunawo." Futhi bathola ukuthi, abaningi bamemeza ababengenawo.

35 NePentecost yafika, yokubuyiselwa kweziphiwo, futhi bathi, "Lapho ukhuluma ngezilimi unawo." Kodwa bathola ukuthi, abaningi bakhuluma ngezilimi ababengenawo.

36 Lezozinto zilungile, kodwa awusoze wenza okukhulu kokuncane. Leyo yingxenye engahlukaniseki kaMoya oNgcwele, kunjalo, noma yimaphi alawomadlingozi, engikholelwa kuwo onke. Kodwa lokho akukabisikho okwamanje. UMoya oNgcwele, lapho uWemukela, nguMuntu weNkosi uJesu ehlala kuwe. NoJesu wathi, "Niyakubazi ngesithelo sabo." Isithelo i—igatsha labo elisithelayo liyasho ukuthi mvini muni elikuwo.

37 Manje, eTestamenteni eLidala ngenkathi umntwana ezalwa emndenini, wayengumntwana ngenkathi ezalwa. Manje, sithatha lokho ngokwangempela, okuyiqiniso, lapho umntwana ezalwa, uyindodana. Futhi lapho uzelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, uba yindodana kaNkulunkulu, kodwa ungami lapho, usanda kuqala nje.

38 Manje, ukuthola isendlalelo esincane salesisithombe, asibuyele eTestamenteni eLidala. Futhi niyaqaphela kwiKing James Kusho lokhu: "EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi." Lokho kuzwakala kuxakile. Ngicabanga ukuthi umhumushi oyedwa wakwenza kwaba yinhlekisa kakhulu kunalokho: "Endlini enamakamelo kaBaba waMi kunezindlu eziningi ezingamakamelo."

39 Kodwa akuzwakali yini kuxakile ukuthi "E*Khaya* likaBaba waMi kunezindlu eziningi"? Indlu ihlezi, izindlu eziningi, izigidi zazo zihlezi ekhaya. Awu, ngezinsuku zabahumushi basekuqaleni, kuhunyushelwa iKing James, bahumusha ngokwamazwi angalolosuku, inkosi yayithathwa ngokuthi ingubaba, umbuso wayo wawuyikhaya layo; futhi lokho kungokomBhalo impela. Ukuhumusha okuyikho yilokhu: "EMbusweni kaBaba waMi kukhona izigodlo eziningi." Lokho ngukuhunyushwa okuyikho. Qaphelani, kodwa, "EKhaya likaBaba waMi," eMbusweni waKhe, "yizigodlo eziningi."

40 Manje, eTestamenteni eLidala, ngenkathi umntwana ezalwa ekhaya, wayeyindodana ngenkathi ezalwa; kwabaseGalathiya ufundisa lokhu, uPawulu, eNcwadini kwabaseGalathiya. Yayiyindodana ngenkathi izalwa, kodwa nokho, lowobaba enebhizinisi eliningi, izinceku eziningi epulazini, futhi wayefuna umntwana wakhe ukuba afundiswe, futhi babengenazo izikole zomphakathi njengoba sinazo namhlanje, ngakho waqasha umfundisi, noma uthisha ukuba akhulise lomntwana, ukuba amnike imfundo yakhe, nokubikela ubaba ukuthi lomntwana wayeqhuba kanjani. Manje, ungacabanga ukuthi hlobo luni lomuntu ubaba ayengaluthola ukuba akhulise umntwana wakhe.

41 Futhi kungumfanekiso omuhle kakhulu kaNkulunkulu neBandla laKhe. Emva kokuba iBandla selizelwe ngokusha futhi liba semndenini kaNkulunkulu, uNkulunkulu wasithumelela uThisha, futhi Wakhetha uThisha obedlula bonke owayekhona, UnguMoya oNgcwele. UNkulunkulu akazange ahlose ukuba nazo zonke izinhlobo zezikhulu zesonto nababhishobhi phezu kwethu, bangamadoda alungile futhi banesikhundla, kodwa uMoya oNgcwele unguThisha kaNkulunkulu, Uthunyelwe ukufundisa.

42 Futhi uma umbhishobhi, noma uthisha ebandleni ephefumulelwe nguMoya oNgcwele, khona-ke unguthisha othunywe nguNkulunkulu; uma ephika lokho, unesimo sokumesaba unkulunkulu, kepha amandla akho ewaphika. Ku—kuThimothewu 3 kulotshiwe ukuthi kuyoba ngaleyondlela ngalolusuku lokugcina.

43 Kodwa manje-ke ubaba, akazange aqashe uthisha owayezoba yintekenteke, lowo oyofuna ukubeka i, njengoba besingakubiza kanjalo namhlanje, uphaphe esigqokweni sakhe, athi, “O, umntwana wakho wenza kahle,” lapho engenjalo. Ubaba ukuqinisekisile ukuthi unothisha oyothembeka.

44 Futhi ngenkathi uBaba womoya wethu ethola uthisha weBandla laKhe nabantwana baKhe, Wathola uThisha oqotho, uMoya oNgcwele, Owayezofakaza eBukhoneni bukaNkulunkulu ukuthi abantwana baKhe babeqhubeka kanjani.

45 Manje, ukuba-ke lomntwana wayengalaleli na? Ukuthi lowothisha kufanele ukuthi wakhophozela kanjani ngenkathi engena ebukhoneni bukababa futhi uyothi kuye, “Mnumzane, umfana wakho akalaleli kakhulu. O, angeke afunde, angeke alalele. Angikwazi nje ukwenza lutho ngaye!” Ufanele azizwe kanjani ubaba enhliziyweni yakhe ngalowomntwana!

46 Futhi ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele uzwa ini lapho Efika phambi kukaNkulunkulu uBaba, futhi athi ibandla laKhe lonke libhidlikile, abantwana baKhe behlukaniswe yizithiyo zamahlelo, ukuthi baya kanjani emibukisweni yezithombe futhi bahlale ekhaya bangayi esontweni ngoLwesithathu

ebusuku ukuba babuke ithelevishini, ukuthi babhema kanjani, bayaphuza, baxoxa amahlaya angcolile futhi baziphathe njengalo lonke izwe na? Yilowo kanye umlayezo uMoya oNgcwele azowuletha kuBaba, ngoba leso yisimo sebandla namhlanje.

47 Manje, ningabi ngogxekayo, futhi ningacabangi ukuthi ngizama ukunithethisa, ngizama kuphela ukunitshela iqiniso. Bukani isimo sebandla namhlanje: IZwi lizofundwa ukuthi umyalo wokugcina kaJesu: "Hambani niye ezweni, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," nebandla liyakwedlula lokho, ukuphulukiswa komzimba, iziphiwo zikaMoya, ukuphila okumsulwa nokungcwele.

48 Angiqondile ukuba luhlaza manje, abelusi benu balapha ukuba bashumayele leliVangeli, kodwa uma bengakwenzi, ngifuna nikuzwe ngalesisikhathi, lengxenye. Kuyinto engalungile kowesifazane ukuba agunde izinwele zakhe, iBhayibheli lasho njalo, futhi uhlazisa umyeni wakhe lapho ekwenza. Nebandla lalivame ukungakwenzi lokho, kodwa namhlanje, ngoba ipulpiti libuthakathaka, bayakwenza.

49 Nabesifazane bagqoka lezizingubo ezincanyana ezibukeka njengezingubo zabesilisa, amabhulukwe amasleksi, noma okuthize, bakubiza kanjalo. Benazi yini ukuthi iBhayibheli lathi lokho kungesingcolile nesinengiso emehlweni kaNkulunkulu. Ucabangani uMoya oNgcwele lapho Eletha lokho phambi kukaNkulunkulu uYise, indlela amadodakazi ebandla enza ngayo na?

50 Nabesifazane ngesikhathi sasehlobo baphuma begqoke ezincanyana, izingubo ezimfishane, ukuthi bebengafanele ngisho babonakale phambi komyeni wabo ngaphakathi, futhi bagunde amagceke futhi behla benyuka ezitaladini begqoke lezozingubo ezincane. Futhi uqonde ukungitshela ukuthi uMoya oNgcwele uphakathi lapho na? "Niyakubazi ngesithelo sabo."

51 Nicabanga ukuthi ngishisa abesifazane na? Ngifuna ukunitshela okuthile nina madoda: Noma yiyiphi indoda eyovumela umkayo enze lokho futhi abheme osikilidi, kukhombisa ukuthi indoda yenziwe ngani. Kunjalo. Futhi uyinceku kaNkulunkulu, ungubasi wendlu.

52 O, angiqondile ukuthetha, kodwa mfowethu, ngamunye wenu, ngizoma ihlombe nehlombe eBukhoneni bukaKristu ngolunye usuku. Yilokho iBhayibheli elikufundisayo. Futhi uma ngehluleka ukunitshela, khona-ke ngingaqoka ukuba ningithukuthelele kancane manje, kunokuba ukhombe ngomunwe wakho ebusweni bami ngalolosuku, futhi uthi, "Ukuba ubungitshelile, bengiyokuqondisa." Kodwa kuyobe sekuleyithi kakhulu ngaleyonkathi. Ngiyazi kungcono ngisuke kulokho, kodwa lokho yizinto uMoya oNgcwele azoziletha kuBaba.

53 Nasebandleni elikhulu, elihle, kusukela le ebandleni elincane kunawo onke, konke kuya ebandleni eliphakeme kunawo onke, uthola lokhu: “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengaleziziphiwo zokuprofetha, nhlobo, ebandleni, lokho kwakungokwabaphostoli.”

54 Ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele uzothini eBukhoneni bukaBaba, ngenkathi uMoya oNgcwele uthi, uJesu wathi, “Uma noma yimuphi umuntu eyosusa noma yini kuLeli, noma enezele noma yini kuLo, Ngiyosusa isabelo sakhe eNcwadini yokuPhila”? Ucabangani uMoya oNgcwele lapho Ezoletha umlayezo onjengalowo phambi kukaBaba, wabantwana baKhe na? O impela, ungeke wadla ifa lanoma yini ngaleyondlela.

55 Futhi lapho umhlangano ufika, noMoya kaNkulunkulu uqala ukusebenza . . . Siyazi ukuthi kukhona amanga, ngiyazi ukuthi kukhona izinkohliso zengqondo, ngiyazi kukhona zonke izinhlobo zezinkohliso, ngoba iBhayibheli lathi kuyobakhona. Kodwa lapho ibandla lenzele phansi, bekufanele kube nebandla elifundiswe futhi lamiswa ngendlela yokuthi liyokwazi okulungile kokungalungile. Niyabona ukuthi sikuphi na?

56 Khona-ke uMoya oNgcwele uzofanele ulethe lolohlobo lomlayezo kuBaba. O, he, Ufanele athini na? Impela, uma lowomfana, futhi noma yimuphi uthisha uyazi, eBhayibhelini, ukuthi uma lowomfana wayengesuye umntwana olalelayo, nokho wayeyindodana, akazange adle ifa lutho. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyakwazi lokho. Funda kwabase-Efesu, isahluko 1 ivesi 5, “UNkulunkulu wasimisela ngaphambili kubantwana bakaNkulunkulu ngokwenziwa umntwana kukaJesu Kristu,” bezithathela futhi bebeka indodana.

57 Kodwa manje asishintshe isithombe. Futhi mhlampe ukuba-ke lomntwana ungumntwana olalelayo na? O, basemsebenzini kababa nje, wenza into efanayo nje ubaba ayenzayo, wenza izinto ezithokozisayo njengoba uJesu athi Wazenza. Manje-ke uthini umfundisi, noma uthisha, ebukhoneni bukababa na? O, ufanele asikhukhumalise kanjani isifuba sakhe, uThisha, futhi enyukele eBukhoneni bukaBaba, futhi athi, “O, Mnumzane, umfana waKho, u,” ngiyaxolisa ngesisho, futhi ngithemba ukuthi ngeke nicabange ukuthi ngingothuka okungcwele, kodwa Ubeyothi, “Uwukhamba olufuze imbiza. Ufana naWe nje ncamashi. Ukholwa yinto efanayo nje Owayilobayo, Ufundisa yonke into njengoba nje Wayiloba, Uyakholwa ukuthi UngoMKHULU UNGINGUYE. Futhi uyazi ukuthi uyinzalo yaKho, futhi ngakho-ke, umele Wena, ngobuqhawe.”

58 Ufanele kanjani uBaba ukuthi, “Lowo ngumfana waMi!” Lokho bekuyoba yinto emangalisa kanjani pho! Yilokho uNkulunkulu afuna sibe yikho, silalele.

59 Manje-ke kwenzekani kulolodaba na? Uma lowomntwana wayengalaleli, lokho . . . nokho wayeyindodana, angisho

ukuthi ungeke usindiswe, uma uzelwe ngokusha, unensindiso, unokuPhila okuPhakade, uyoya eZulwini, kodwa okugejayo lapha, uma ungalaleli uNkulunkulu angahle akuthathe kuseeli, izinto eziningi zingenzeka kuwe. Njalo ube yibandla elikhubazekile, ukwehlukanisa, "Ngingowa*leli*, ngingowa*lelo*." Ngingathanda ukuba lonke iBandla lithi, "NgingokaKristu." Impela. Amahlelo enu alungile uma nje ningaludwebi uthango. Idlelo elazo zonke izimvu, onke amahlelo, yiBandla likaNkulunkulu, uMzimba kaKristu.

60 Manje, uma lomntwana wayelalela, kwakunomgubho owawuzokwenziwa, ngenkathi umntwana evuthwa. Bamkhiphela endaweni yomphakathi, lalelisisani, ningakugeji lokhu, bhekisisani umBhalo, bakhiphela umntwana endaweni yomphakathi, babeka ingubo ende phezu kwakhe, ingubo ende yobukhosi, futhi baba nomgubho, futhi kwakungumgubho wokwenziwa umntwana. Umntwana owayekade ezelwe emndenini, wabekwa esimweni sobuntwana emndenini. Futhi emva kwalokho, lelogama lomfana lalilihle nje eshekeni njengoba lalinjalo elikayise, wayeyindlalifa yazo zonke izinto. Wayengakhipha, wayengaphakamisa, wayengaxosha, wayengaqasha, wayengenza noma yini ayethokozile ukuyenza, ngoba umgubho wokwenziwa umntwana wawenziwe phezu kwendodana yakhe, futhi yayimbethe futhi yabekwa ngokwendawo.

61 Manje, yilapho iBandla ebelifanele libe khona namhlanje. UJesu wathi, "Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza. Celani noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza." Kungani sikwesaba lokho na? Yini indaba na? Uma uKristu esembathise ngoMoya oNgcwele, futhi wenziwa umntwana emndenini emva kokuzalwa ngokusha, futhi wabhaphathizwa emzimbeni ngoMoya oNgcwele, uma kungufakazi weqiniso kaNkulunkulu, cela okuthandayo futhi uzokwenzelwa khona.

62 Khona-ke sihlezi sengathi, sithi, "O, awu, lokho kwakungenye into."

63 Uwemukele umoya wamanga na? Uyaziphatha, nokho, ngezinto zezwe, njengoba sikhulume ngakho kulentambama. Usabathanda na? Ngabe basenhliziyweni yakho na? Awukaze ube ngumuntu ohlukanisiwe na? Khona-ke mhlawumbe awukenziwa umntwana. Kodwa uma uke wenziwa umntwana, ubekwe ngokwendawo eyiyona yona eMzimbeni kaKristu, uyindlalifa yazo zonke izinto.

64 Qaphelani, yilokho uNkulunkulu akwenza eNdodaneni yaKhe. UNkulunkulu akasicelanga ukuba senze noma yini Ayengeke ayenze. Wathatha iNdodana yaKhe uQobo, Eyayikade ilalela . . . Lokhu kwakungokuncane nje ngaphambi kokubethelwa.

65 Niyakhumbula ukuthi Wathini ehla na? INdodana yomuntu iya eJerusalema, inikelwe ezandleni zabeZizwe. Wathi, “Ungawutsheli noma ubani umbono.”

66 Kodwa ngenkathi babesami lapho, uNkulunkulu wenza iNdodana yaKhe uQobo umntwana, ngokuba WaYisibekela, neBhayibheli lasho ukuthi WaYembathisa ingubo ende, ngangokuthi izingubo zaKhe zakhanya njengelanga emandleni alo, waYimisa phambi kofakazi baseZulwini, phambi kofakazi basemhlabeni, nePhimbo lathi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni. Noma yini Eyishoyo, ilunge nje njengeZwi laMi.” Yayenziwe umntwana.

67 UJesu wathi, “Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe ezandleni zaMi.” Nakho ukwemukelwa komntwana kukaNkulunkulu emukela iNdodana yaKhe njengomntwana.

68 Onke amandla! Bhekisisani ukuthi uJesu wathini: “Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ehlala kini, celani noma yini eniyithandayo, futhi kuzokwenzelwa nina.” Kodwa kwenzekeni na? O, ibandla lichezukele kwenye isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu futhi lakweqa lokho. Manje, ubufakazi obubonakalayo, njengoba isisho esidala saseningizimu sasivame ukuba njalo, “Ubufakazi bukaphudingi ngukuwudla.”

69 Manje, abantu phansi kokungaphezu kwemvelo ngokuvamile baba namadlingozi, futhi bafuna ukuqala into ehlukile. Ake umnyakazo kaNkulunkulu uqale, futhi ubhekisise amadoda exhuxhuma futhi azame ukuzifanisa nento ethize. Lalelisisani, bekukuzo zonke izizukulwane. Ngenkathi okungaphezu kwemvelo kwenziwa eGibhithe, isixuku esixubile saphuma, futhi kwakukhona indoda egama linguKora, yathi, “Abasekho yini abaprofethi na? Futhi abekho yini abantu abangcwele ukwedlula uMose na? Asibe nabaprofethi, nokunye nokunye, namadoda angcwele.”

70 UNkulunkulu wathi kuMose, “Zahlukanise naye, ngoba umhlaba uzovuleka futhi umgwinye.” Futhi Akashongo yini ngezinsuku zokugcina ukuthi kuyovuka into efanayo futhi bayobhubha ekuphikeni kukaKora na? Impela.

71 Manje bhekisisani, uPetru, exhuxhume kakhulu, ngoba okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe, wathi, “Asakhe amadokodo amathathu, uma Uthanda, elinye libe ngelikaMose, elinye libe ngelika-Eliya, elinye libe ngelikaJesu.” Manje, washo lokhu: “O, lokhu kuzoba ngumnyakazo omkhulu! Asakhe itabernakele lapha lawo wonke umuntu ofuna ukukhonza noMose.”

72 UMose wayemele umthetho, futhi akukho-nsindiso emthethweni. Ayikho into engesemthethweni ongayenza ezofanela insindiso yakho, kuyisipho sesihle sikaNkulunkulu. UMose wayemele umthetho, noPetru wayefuna ukwakha

itabernakele labo bonke ababefuna ukugcina izinsuku zeSabatha, nezinyanga ezintsha, nakho konke, umthetho.

73 Kodwa umthetho awunamusa, umthetho uyiphoyisa, umthetho wakukhombisa kuphela isono sakho, umthetho wakutshela kuphela ukuthi uyisoni esilahliwe, kodwa wawungenakhambi lakho. Ungakufaka ejele, kodwa ngeke ukukhiphe. Ubani ofuna lokho na? Hhayi mina, angifuni umthetho, ungitshela kuphela ukuthi ngiyisoni, futhi ungikhomba ngomunwe omangalelayo ukuthi ngonile, nokufa kuyinhlawulo yesono. UMose nomthetho wakhe, noPetru wayefuna abantu ukuba babe nalolohlobo lwebandla.

74 Kwase kuthi okulandelayo, wayefuna ukwakha itabernakele ku-Eliya, no-Eliya wayemele ukuqina kukaNkulunkulu, noma ubulungiswa bukaNkulunkulu. Niyamkhumbula phezulu entabeni na? UNkulunkulu wamthumela phezulu lapho, nenkosi yathi, "Yenyuka futhi umlande namadoda angamashumi amahlanu."

75 Futhi u-Eliya wavuka, futhi nokuningi kakhulu ukusho lokhu: "Ngiyinceku kaNkulunkulu egcotshiwe, ungasondeli kimi, futhi uma ukwenza, kukhona okuzokwenzeka."

"O," wathi, "sineziyalo ezivela enkosini, wena luhlanya, sizokuthola, noma kanjani."

Futhi baqala, no-Eliya wathi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle uMlilo uvela eZulwini futhi uniqothule." NoMlilo wehla futhi wabaqothula. Ubulungiswa, ababekufanele. Angikufuni lokho.

76 Ngakho iNkosi yathi, "O, mhlampe bekukhona isiphepho sidlula ngaphezulu, umsuka wemvelo othize nje owenzekile, ngoba lezozinsuku sezihambile, asithumele amanye amashumi amahlanu."

77 Ngakho amanye amashumi amahlanu afika no-Eliya wathi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu makwehle uMlilo uvela eZulwini futhi uniqothule." Kwase kuthi-ke uMlilo wehla futhi wabaqothula. Wathi ukukhathala ukuthumela amashumi amahlanu.

78 UNkulunkulu usaphila, kuzo zonke izizukulwane UsenguNkulunkulu. Kodwa lobo ngubulungiswa. Angiwufuni umthetho, ungifaka etilongweni. Angifuni ubulungiswa, lalela, mngani, angifuni ubulungiswa, ngifuna umusa, hhayi ubulungiswa. Ngazalelwa esonweni, ngabunjwa ebubini, ngifika ezweni ngikhuluma amanga, ngiyakwazi. Futhi ubulungiswa bungithumela esihogweni, umthetho kaNkulunkulu uQobo ongcwele, ubulungiswa bungithumela esihogweni ngokuba yisoni. Angifuni umthetho ukukhombe kimi, angifuni ubulungiswa, ngifuna umusa.

79 Kodwa uPetru wayefuna konke lokho ukuba kuqhubeke, amatabernakele ukuba akhiwe, izithiyo zamahlelo, nokunye nokunye, “O, nginoMose. Ngino-Eliya.” O, ngifuna nilalele manje umzuzu nje. Ngaphambi kokuba kuphume ngisho emlonyeni wakhe (Malibongwe iGama leNkosi!), kwakukhona iPhimbo elavela eZulwini futhi lathi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.”

80 Wayemelele ini na? Umusa, insindiso, ukulungisiswa, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Wayemele izinjabulo ezinkulu zaseZulwini ngenxa yethu. Lapho umthetho nobulungiswa kwasilahla khona esihogweni, uKristu engongenacala, ehlupheka ngenxa yabanecala, wasilungisisa ngesihle ngomusa waKhe futhi wasikhulula kuyo yonke inhlawulo yesono, futhi wahlangabezana nesidingakalo sobulungiswa bukaNkulunkulu uSomandla.

81 UJesu emi lapho, uNkulunkulu wathi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, amahlelo enu awahambe, makuthi emincane yenu, imibono yowaka ihambe, ngokuba lena yiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.”

82 Ngithi kini kulobubusuku . . . O, ukuba benginamagama asetshenziswa ekukhulumeni, ukuba kuphela bengingu—umshumayeli owayenemfundo, ukuba ngangi . . . kuphela nginekhono elithile, kodwa ngingompofu, umningizimu ongazi lutho . . . Mina, ukuba benginekhono, bengiyothanda ukubeka lokho kusondele kakhulu kuwo wonke owesilisa nowesifazane abebengakubona. Kodwa ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngingahle ngingayazi iNcwadi kahle kakhulu, kodwa ngimazi kahle kakhulu uMqambi; futhi ukwazi Yena kungukuPhila.

83 Angisilo uhlanya, kodwa nginoMlayezo wakho ukuthi lowoJesu ofanayo owamemeza kakhulu emaZulwini ngoBaba, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo,” Akafile, Uyaphila phakathi lapha kulobubusuku kuwo onke amandla aKhe nenkazimulo yaKhe ukuba Azibonakalise njengoba nje Enza komunye unyaka, ngokuba kulotshiwe eZwini laKhe elingenakuphosisa, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Kulotshiwe eZwini laKhe, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.”

84 Njengoba Azibonakalisa Yena uqobo kumaJuda, Wakwenza kanjani na? Wazibonakalisa Yena uqobo ngesinye isikhathi ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wathola uNathanayeli ngaphansi komuthi futhi wambuyisa. Wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

Endleleni yakhe ebuyayo, uFiliphu uqala ukumtshela. Kuqala, uNathanayeli wathi, “Kungaba khona okuhle okuvela esixukwini sabantu abanjalo eNazaretha na?”

Futhi uFiliphu umnika impendulo enhle, “Woza ubone.”

85 Emgwaqeni ngale, akungabazeki wayemtshela ngokuthi Wayelazi kanjani igama likaPetru nokuthi uyise wayengubani. Sengathi ngiyabona leli eliqinile, iJuda loMthetho lithi, “Manje, awume kancane, angikukholwa nje lokho, Filiphu.”

“Woza, zithobe, woza emhlanganweni, hlala uthule, ubhekisise imizuzu embalwa.”

86 Futhi ngenkathi befika lapho umugqa womkhuleko wawukhona, kumbe noma yini, uJesu wayekhulekela abagulayo. Abaningi abakhulu, abapristi abafundile nabaFarisi bonke bama ngakuYe, izinkoloze zabo. Futhi ngenkathi uFiliphu enyuka noNathanayeli, uJesu waphenduka, futhi wabheka uNathanayeli, wayesethi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

87 KwaMmangaza, wathi, “Rabi, Ungaze nini na? Awukaze ungibone empilweni yaKho, Ungaze kanjani na?”

UJesu wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi kwalesosihlahla, Ngakubona.” Amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba. Amehlo anje pho!

88 Futhi wathini na? Wakhulumela wonke umJuda okholwayo ngenkathi ebone lokho kwenziwa, wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.” Yilokho lonke ikholwa leqiniso elikukholwayo.

89 Futhi ngenkathi esho lokho, Wathi, “Ngoba Ngikutshele lezizinto uyakholwa na? Uzobona okukhulu kunalokhu.” Ngoba wayeyikholwa. UNkulunkulu wayezibonakalisa Yena uqobo ngaphambi kokuphela kwesimiselo sesikhathi samaJuda.

90 Kwase kwenzekani-ke kubaFarisi, odokotela abakhulu bemi bezungezile na? Bathi, “Lowo ngudeveli, ungumbhuli, unguBelzabule.” Bakusho enhliziyweni yabo, abakushongo kuzwakale.

91 Kodwa uJesu wayibona imicabango yabo, futhi Wathi, “Nisho lokho ngokumelene naMi, kuyothethelelwa; kodwa uma ukhuluma izwi elilodwa elimelene noMoya oNgcwele lapho Efika ukukwenza, anisoze nathethelelwa khona kulelizwe, noma lelo elizayo.” Ini? Lapho uMoya oNgcwele wenza ukubonakaliswa kwaWo ohlangeni lwabeZizwe, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa.

92 Khona-ke Wazethula Yena uqobo eqenjini lamaSamariya, owesifazane emthonjeni, Wathi, “Ngiphuzise.”

Wathi, “O, kunokwehlukana,” omhlophe noyikhaladi, njengoba kunjalo eningizimu.

Futhi Wamazisa ukuthi wawungekho umehluko, zonke izidalwa zikaNkulunkulu. Futhi—futhi—futhi Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Kunjalo, ubunayisihlanu.”

93 Bhekisisani ukuthi owesifazane wathini, umSamariya, hhayi umJuda.

94 Kukhona iJuda kuphela, umSamariya, noweZizwe. Kodwa uJesu wenqabela abafundi baKhe ukuba baye kwabeZizwe. Wazimela Yena uqobo esizweni samaJuda, abanye baMenqaba, abanye baMkholwa. Bukani ukuthi Wakwenza kanjani.

95 Khona-ke kowesifazane Wathi . . . Owesifazane wathi kuYe, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto.”

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

96 Futhi wagijimela emzini, mbhekisiseni enza isicaphuno, futhi wathi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lowo na? Leso akusiso isibonakaliso sikaMesiya na?” Impela.

97 Wase-ke Ekwenza lokho eJudeni ukuba azimele Yena uqobo. Wakwenza kumaSamariya ukuba azimele Yena uqobo, kodwa akukaze nakanye kwenziwe koweZizwe, ngokuba lolu wusuku loweZizwe, luyaphela manje. Yingakho Athi, “Nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi enze into efanayo . . . ”

98 Manje, uma uJesu Azibonakalisa kumJuda ngaleyondlela, nakumSamariya ngaleyondlela, Ubophezelekile eZwini laKhe ukuba Azibonakalise koweZizwe ngaleyondlela, ngokuba sonke siyazi ukuthi sisekupheleni.

99 Kwase kwenzekani-ke na? Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye athi Wayenomoya omubi enza lokho, noma uhlobo oluthile lokwenziwa, futhi njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje. Kwakukhona abakholwa nguMlayezo kaJohane ngokuphindwe kankulungwane kunoma benza uMlayezo waKhe, ekubaleni isikhathi.

100 Manje, yini izwe eliyilindele namhlanje na? Ngukubona ukuvezwa obala kukaJesu Kristu. Lilindeleni ikholwa leqiniso namhlanje na? Ukubona uJesu Kristu nePhimbo lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni.” Lifelani izwe namhlanje na? Hhayi, ihlelo elisha, hhayi umbhishobhi omusha phezu kwebandla, hhayi imeya entsha edolobheni, hhayi izakhiwo ezintsha, noma isikole sesayense ephathelene nenkambo elungileyo. Kulindeni na? Ukubona ukuvezwa obala kothando lwangempela lukaNkulunkulu ophilayo ngesintu esifayo.

101 Kuzokwenzekani kongakholwayo na? UJesu wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Ngi,” isabizwana somuntu, “yakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ukuveza obala, into

ethize yobuqhawe, kushaya indoda enanoma yibuphi ubumoya kuyo.

102 Esikhathini esithize esedlule. . . Inhlonipho yokuzithoba umzuzu, ngiyacela. Niyazi ngingumzingeli, ngiyayithanda impilo yangaphandle, lelo kwakuyiBhayibheli lami. Njengoba ngishilo kulentambama, umama wami uyiNdiya ingxenye okungenza ngithande impilo yangaphandle. Futhi ngangivame ukuya eNorth Woods ngizingela. Nganginomngane enhla lapho ogama linguBert Call, omunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngazingela nabo. O, umuntu wasemahlathini! Wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye elahlekile, wayeyazi indlela yakhe ngokuzungeza. Umzingeli omangalisayo, kodwa indoda enenhliziyo enonya kunawo onke engake ngayibona. O, wayenonya enhliziyweni yakhe! Wayethanda ukudubula amazinyane ezinyamazane amancane ngoba nje wayazi ukuthi kwakungithola ukuba akwenze. Futhi wayethi, "O, nina bashumayeli, ninenhliziyo yenkukhu kakhulu."

Bengiyothi, "Bert, ungumfana omangalisayo, kodwa ungaba kanjani nonya kangaka na?"

Wathi, "Hlakanipha, Mshumayeli."

103 Manje, kwakulungile kuye ukubulala izinyane lenyamazane elilodwa, umthetho wamvumela ukuba enze lokho, kodwa hhayi nje ukuwabulala ukuba abulale. Ngingumzingeli, kodwa hhayi umbulali. Ngakho-ke ngenkathi ngibukela lokho, futhi ngangifanele ngiphendule ubuso bami.

104 Futhi ngomunye unyaka ngenkathi ngenyukela lapho, uBert wayeziqambele impempe encane, futhi wayengathatha leyompempe encane futhi ikhale njengezinyane elincane nje lenyamazane. Ngathi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho!"

"O," wathi, "Billy, hlakanipha. Nina bashumayeli ninenhliziyo yenkukhu kakhulu nje." Manje, wayekwenza ukuba nje abe nesihluku.

105 Futhi sahamba sayozingela ngalolosuku, futhi kwase kusemini. Sasingakawuboni ngisho umzila. Futhi wayehamba phambi kwami, indoda ethe ukuba nkudlwana kunami, futhi eneminyaka embalwa ubudala. Futhi wakhothama esikhaleni esincane, kwakukhona iqhwa emhlabathini, cishe njengoba kunjalo ngaphandle manje, futhi wacosha lempempe encane ephaketheni lakhe, wayeseqhotha, futhi yakhala njengezinyane lenyamazane elincane.

106 Futhi ngenkathi ekwenza, ngaphesheya nje kwesikhala, kungekude njengalenkundla yomhlalo evalekile injalo ukuvundla, enkulukazi, umama wensikazi wenyamazane idiye, leyo yinyamazane idiye yensikazi, yavuka. Futhi wabuka emuva kimi ngalawomehlo abukeka ethi ukundwaza, futhi wahleka yedwa; ngangazi ukuthi yini eyayiza.

107 Lowomama waphakamisa ikhanda lakhe. O, ngangiwabona awakhe amakhulu, amehlo ansundu naleyomithambo ebusweni bakhe, lawo amakhulu, amadlebe amakhulukazi ephakeme. O, wayebukeka kahle! Futhi wayebuka. Kwakuyini na? Ingane yayisenkathazweni, futhi yena, ngokwemvelo, wayengumama, wayengeke avuke noma ngayiphi indlela, kodwa ingane yayibiza, futhi akusikho lokho kuphela, kodwa waphuma kulesi sikhala. O, wayengeke neze akwenze lokho ngesikhathi sasemini, wayazi ukuthi kwakuyingozi, umzingeli wayezombona.

108 Kodwa kwakuyini na? Ingane yayikhala, wayengumama, kwakuyinto ethize kuye. Kwakungesikho okokufakelwa, njengoba amaKristu ezama ukwenza namhlanje, kwakungokwangempela, wayengumama. Waphuma wangena esikhaleni.

109 Ngasizwa isibhamu esikhulu sibuya nokuphusha igobolondo lenhlamvu, nebhawodi lashelelela phansi, limboza igobolondo le .30-06. Ngibone lowomzingeli uBert, esendlala. O, wayengumnembi! Nesiphambano sokukala kulesosipopolo sasibekwe sanqamula kuleyonhliziyo yensikazi yenyamazane idiye engumama.

110 Ngacabanga, "O, he, komunye umzuzwana noma emibili, uzoqhumisa inhliziyo yakhe ithi ngqu iphume kuye!" Ngacabanga, "Bert, ungakwenza kanjani lokho na? Lowomama, akakwazi ukuzibamba, ungumama. Awuboni yini, akanakwesaba. Akazenzisi, kukhona okuthize kuye. Ingumama, yaphumela ngqo ebusweni bokufa, ingane iyakhala, ikuphi na?"

111 Futhi njengoba ngimbona edonsa lobo buhlalu, o, ngivele ngiphendule ikhanda lami nenyamazane idiye yambona umzingeli, yagxuma, lezozindlebe ezinkulu ziphakeme *kanjalo*, phansi ngqo esifubeni. Ngasibona lesosibhamu esikhulu sehla. O, ngaphendula ikhanda lami, ngacabanga, "Angikwazi ukukubuka lokho!" Lokho kuvezwa obala kokuthile kwangempela, into ethize yangempela, uthando lwangoqobo, ngokuba yayingumama! Kwakuwuthando lwangempela, ayizange igijime, ingane yayisenkathazweni. Nakuba kwathatha impilo yayo, yayiyobona ingane yedlula.

112 Ngase ngiphendula ikhanda lami, ngase ngiqala ukukhuleka, buthule. "O Nkulunkulu, ungamvumeli enze lokho. Angaba kanjani nenhliziyo enonya kangaka na?" Futhi ngalinda, isibhamu asizange sidubule, ngalinda isikhashana kade, isibhamu asizange sidubule, futhi ngenkathi ngiphenduka, isibhamu sasihamba *kanje*.

113 Waphenduka wayesengibuka, waphosa isibhamu emhlabathini wayesengidumela ngemilenze, wathi, "Billy, sengenele yikho, khulekela umphefumulo wami onesono."

114 Lapho kulowomhlabathi kuleloqhwa ngaholela leyondoda enenhliziyo enonya eNkosini uJesu Kristu. Ngani na? Ngoba

ibone ukuvezwa obala kwento ethize eyayingeyangempela. Phansi le kuye, wayenengaphandle ayezama ukungenza ngiphatheke kabi, kodwa ngaphakathi ezansi lapho, kwakungukulambela into ethize yangempela, futhi ngenkathi ebona ukuvezwa obala kolwangempela, uthando lukamama, wazinikela kuKristu.

115 Futhi, mngane, kulobubusuku, futhi, mKristu, kulobubusuku, nekholwa, kulobubusuku, lokho izwe elikulindele, hhayi umhlaba wonke jikelele, hhayi wonke umuntu ezweni, kodwa ikholwa langempela lilindele ukubona uNkulunkulu eziveza Yena uqobo obala esenzweni sangokoqobo sikaMoya oNgcwele, kuyobangela abantu ukuba badonselwe kuYe.

116 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko. (Uma udade ezoya lapho.)

117 Nkulunkulu onomusa, Owavusa iNkosi uJesu ngosuku lwesithathu, futhi Wanikeza umyalo, (Washo ngaphambi kwalokho, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni."), Wathi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Ngiyakuba nani kuze kube sekupheleni kwezwe," ephulukisa abagulayo, enza izimangaliso, izibonakaliso ezinkulu nezimanga ekuvezeni obala kokuvuka kwaKhe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

118 Kwangathi Angabonakalisa kithi kulobubusuku, njengomama wenyamazane idiye. Futhi kwangathi abantu kulobubusuku abaphakathi lapha, mhlawumbe bembozwe phansi kwejazi elithile lebandla, kwangathi bangabona uBukhona baKhe. Kwangathi bangaqonda ngomBhalo ukuthi lolu wusuku nehora ukuthi Uzibonakalisa Yena uqobo ohlangeni lwabeZizwe ngaphambi nje kokuba ukwahlulela kushaye, ngokuba UnguNkulunkulu ozibusayo Ogcina iZwi laKhe. Avule amehlo aphuphuthekile ukuba abone iqiniso.

119 Futhi sikhulekela ukuthi Uzokhuluma enhliziyweni yesoni njengamanje, futhi ubaphe insindiso esikhundleni sokulahlwa ngomthetho nangobulungiswa. Kwangathi bangathola ukuthi uJesu Kristu wahlangana nobulungiswa bukaNkulunkulu futhi wahlangana, nokuthi Wayedinga ukufa, futhi Wafa, Ongenacala ngenxa yabanecala, ukuze sikhululeke. Kwangathi bangangena bekholwa kalula njengoba silinda.

120 Angazi noma, nisakhothamise amakhanda enu, amehlo enu evaliwe, ngabe ukhona umuntu, isoni, ngaphandle kukaKristu, mhlawumbe uyilunga lebandla, lokho akukubizi, kodwa ungathanda ukuba nento yangempela kuwe, ukuveza obala uJesu Kristu ezweni elifayo ngezinsuku zokugcina, futhi uyazi awunayo na? Mhlawumbe uthi, "O, ngingumKristu, ngingowebandla."

121 Lokho akwenzi lutho, lokho kuphela kukwenza ube mubi kakhulu, ngokuba ngingaqoka ukuba ngumphikinkolo kunomzenzisi.

Wena uthi, “Angisuye umzenzisi.”

Uma uya esontweni futhi uzenze sengathi ungokaKristu, futhi wenze izinto zezwe, imisebenzi yakho uqobo iyasho ukuthi uyini.

122 Unamahloni ngobufakazi bakho na? Ngabe lowomama wenyamazane idiye wayenamahloni na? Qhabo, kwakukhona into ethize kuye, wayengumama, akakwazanga ukuzibamba. Ningawuthanda lowoMoya kini obunganenza umKristu wangempela na? Uma beningathanda, ningaziphakamisa izandla zenu, ngenkathi nisakhothamise amakhanda enu, futhi nithi, “Mfowethu Branham, ngikhulekele”?

123 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise ngapha, nenekazi. Phezulu kuvulandi osesitezi, uNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, nawe nenekazi, nawe, wena emuva lapho. Omunye na? Makuthi uMoya oNgcwele manje ulahle izinhliziyo zenu, bangane. UNkulunkulu abusise lentombazane esencane ehlezi lapha.

124 Phakamisani izandla zenu nje manje, kuzosho lukhulu kini, phakamisani izandla zenu nje, mhlawumbe uyilunga lebandla. Ngithi, uma ungazelwe ngokusha, ulahlekile. Uzomemukela uKristu manje njengoMsindisi wakho na? Uthi, “Ngifuna ukuba nalolohlobo loMoya kimi, Mfowethu Branham, ukuthi ngingaveza obala uthando lukaKristu. Nakuba ngingowebandla isikhathi eside, kodwa angikaze ngibe nalesosehlakalo. Ngifuna into ethize kimi engenza ngibe ngowangokoqobo.” Ungasiphakamisa isandla sakho, abanye balabo abangakaze, njengamanje sisalindile na?

125 UNkulunkulu akubusise. Busisa lomfanyana. Busisa inenekazi lapha, emuva ngemuva. Lokho kuhle. Kulungile. Ngenkathi amadazini ezandla kade ephakeme, uqonda ukuthi usephutheni, uNkulunkulu unawe kungenjalo ubungeke neze uphakamise isandla sakho.

126 Manje angazi noma wena ophakamise isandla sakho, ungama nje umzuzwana wenzele izwi lomkhuleko. Makuthi wonke umuntu agcine ikhanda lakhe likhotheme. Yimani ngezinyawo zenu nje, umzuzwana nje okwezwi lomkhuleko. Uma ubukuqondile ngempela, sukuma manje ume ngezinyawo zakho. Kunjalo, kunjalo. Sukuma nje ndawo zonke, yonke indawo. Sukuma umzuzwana nje wenzele izwi lomkhuleko. “Uma uNgifakazela phambi kwabantu, yena Ngizomfakazela phambi kukaBaba.” Akulutho ukuba namahloni ngalo. “Uma

unamahloni ngaMi lapha, Ngiyoba namahloni ngawe phambi kukaBaba neziNgelosi ezingcwele."

127 Mangisho lokhu njengenceku yaKhe: UJesu Kristu ulapha. Uma Engazibonakalisi Yena uqobo kulobubusuku ngesilinganiso esifanayo Asenza ngenkathi Elapha emhlabeni, ngingumprofethi wamanga, futhi ngitholakala ngingufakazi wamanga. Kodwa uma Ekwenza, ngikhulume iqiniso, noNkulunkulu ubhale into efanele, futhi *Leli* yiZwi likaNkulunkulu Elimemezela ukuthi kuzoba njalo.

128 Angabakhona omunye, ngaphambi kokuba sikhuleke, ume ngezinyawo zakho na? Angifuni ujoyine noma yiliphi ibandla, ungalijoyina ibandla olifunayo, ngifuna wemukele uKristu futhi ube ngowangempela enhliziyweni yakho, owangempela. Makuthi uMoya oNgcwele uselapha, ukhulume kuwe. Uma uyilunga lebandla, buyela ebandleni lakho uqobo, lokho kulungile, sifuna nje ube ngumKristu, ngempela enhliziyweni yakho.

129 Nisamile, asikhuleke. Manje vumani nje onke amaphutha enu, njengamanje, ngokuba Uyabazi ubuthakathaka benu.

130 Nkosi Nkulunkulu, njengoba umqondo wethu ubuyela emuva khona manje kulelohora ngenkathi lowomzingeli esenelisekile ukuthi kwakukhona into ethize yangempela ezweni, wayebone kuphela amanga, wayebone kuphela okufakelwe, kodwa wahlangana, engumzingeli, nesilwane sasendle, isidalwa sikaNkulunkulu, esasingaveza obala into ethize eyayingeyangempela.

131 Ngomlayezo olula weVangeli, lababantu kulobubusuku, ngaphambi kokuba kwenziwe noma yini, banelisekile ngoBukhona bukaMoya oNgcwele, ukuthi banephutha, futhi bamile ukuKwemukela. Manje, ngingacaphuna kuphela iZwi laKho, Wena wathi, "Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade futhi akasoze aya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Lelo yiZwi laKho uQobo, Nkosi. Kanti futhi Wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala."

132 Manje-ke uNkulunkulu ukhona kanjani na? Abantu bemi ngezinyawo zabo, benelisekile, abanye babo bangahle babe ngamalunga ebandla aqinile, kodwa abanamahloni ukuma ngezinyawo zabo. Into ethize ngokuxakile yexwayise inhliziyo yabo, BekunguNkulunkulu uBaba egcwalisa iZwi laKhe, IZwi likaJesu ligcwaliseka, elathi, "Akekho ongeza, uma uBaba engaMdonsi. Futhi bonke uBaba aNgipha bona, bangabaMi, akekho ongabahlwitha esandleni saMi. Futhi Ngiyakubavusa ngosuku lokugcina."

133 Nampa Nkosi, iZwi selishunyayeliwe, uMoya oNgcwele udonsile, abesilisa nabesifazane bami ngezinyawo zabo njengobufakazi ukuthi bayaKuthanda, futhi

bayaKukholwa, futhi bafuna Wena ukuba ungene ekuthuleni okujulile okuzinzile enhliziyweni yabo, futhi ubenze amaKristu angamaqhawe. Ngibethula kuWe manje, Nkosi, njengemiklomelo yomusa weNdodana yaKho uJesu. Futhi kwangathi Ungabagcina futhi ubagcwalise ngoMoya waKho futhi kwangathi impilo yabo ingathela izithelo zomKristu wangempela, nokuveza obala okunjalo, kwangathi bangazuza abanye. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

134 Manje, kulabo abamile, lapho behlala phansi, nina eniseduze kwabo eningamaKristu, baxhawuleni futhi nibanike isandla sokunene senhlanganyelo. Nabefundisi bangahle babayise emabandleni abo. Futhi ningahlala phansi manje, nina ebenimile. Futhi uNkulunkulu uninika lokho enikufisile.

135 O, ngiyaMthanda! Akamangalisi na? Ngiyathanda ukubona lokho! Finyelela ngale bese ubaxhawula. Kunjalo. Uma ungumKristu wangempela ufuna ukukwenza, ufuna ukubakhombisa ukwemukeleka kulomndeni omkhulu. Ngibona abanye besukuma, befinyelela ngapha nangapha, bexhawulana. UNkulunkulu anibusise. Kunjalo, kunjalo. Nenze into efanele.

136 Manje, ufanele uzitholele ibandla elihle, indawo, ibandla lokuzikhethela kwakho futhi lapho ube yilunga lasebukhosini lomndeni kaKristu uze ukhululwe ngukufa. Kunjalo. Kuyoba yinto emangalisayo. UNkulunkulu abe nani futhi anibusise. Lokho kuhle. Ngiyathanda ukubona lokho. Ngisho namadoda enyuka futhi ebona abanye futhi exhawula izandla.

137 Esikudingayo lapha kulelidolobha ngukuhlakazeka okuyifeshini endala, ukudiliza, ukwakha kabusha. O Nkulunkulu, siphe khona, kuleliviki elizayo, ngumkhuleko wami, ukuthi amabandla nabesilisa nabesifazane bangahlanganisa izinhliziyo zabo kulelihora elikhulu lokugcina. Nkulunkulu ngiphe amandla okuqina kuleliviki ukuletha imilayezo yeVangeli njengoba ngikholwa ukuthi Ubezokwenza.

138 Manje, okwemizuzwana embalwa elandelayo, uma nje nizonginakisisa. Kuyinhlanhla yami ukukhulekela abantu abagulayo. Futhi njengoba nje ngishilo entshumayelweni yami emizuzwaneni embalwa edlule ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uma Esenguye, Ubophezelekile ukuba enze ngokufanayo. Uma Esenguye, Uyafana ngomgomo, Uyafana emandleni. Futhi bangaki abantu abaziyo ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi uJesu washo qobo lwaKhe, “Angenzi lutho, aze uBaba aNgibonise kuqala,” bangaki, lokho na? Khona-ke uJesu ubone umbono, ngaphambi kokuba Enze noma yini.

139 Kwakukhona abesifazane ngesinye isikhathi ukuthi Akabonanga umbono wakhe, wathinta ingubo yaKhe, futhi uJesu wayengazi ngisho nokuthi kwenziwa, Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

Bonke bakuphika. NoPetru waMkhuza, wathi, “Bonke bayaKuthinta.”

Wathi, “Kodwa Ngibonile ukuthi Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi.”

140 Awu, Waqalaza, futhi uma Wayekwazi ukwehlulela imicabango yabo, Wathola owesifazane, futhi Wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yase inqamukile ngokuba ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo usho lokho na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza okufanayo. Ngabe kunjalo na?

141 Ngabe iBhayibheli liyasho ukuthi UngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe U . . .? Ngabe lowo ngumBhalo na? Impela, yiwo.

142 Ngakho manje, kulesisakhiwo kulobubusuku, kungukuthi mhlampe, kuleliqembu elincane labantu, nje idlanzana lethu . . . Kodwa angikaze, akunandaba . . . Uma uNkulunkulu engithumelela abahlanu, ngishumayela nje ngokufanayo kwabahlanu. Ngike ngaba nenhlanhla yokushumayela engxenyeni yesigidi ngesikhathi esisodwa, ngabona abahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu beza kuKristu ngokubizela e-altare okukodwa, abahedeni abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bephula izithixo zabo emhlabathini futhi bemukela uJesu njengoMsindisi wabo.

143 Isibonakaliso esisodwa ngaphambi kwanoma yimuphi walabobantu siyoletha amashumi ezinkulungwane kuKristu. IMelika, bafundiswe kakhulu, bondliwe kakhulu, banakekelwe kakhulu, “‘Ngicebile, kangisweli lutho.’ Kawazi ukuthi uhamba-ze, ungolusizi, ophuphuthekile, kanti kawazi na?”

144 Kodwa uma iNkosi uJesu . . . Bangaki owaziyo ukuthi Wethembisile lezizinto Azenza, kufanele neBandla, futhi na? Bangaki okholwayo ukuthi lokhu ngukuphela konyaka wabeZizwe, futhi uNkulunkulu ubophezelekile ukuzikhombisa Yena uqobo ngendlela efanayo, njengoba Athi Uyokwenza kubo bobabili umJuda nomSamariya, futhi Akazange aye kunoma yimuphi oweZizwe, futhi wenqabela abafundi baKhe ukuba bahambe?

145 Ngifuna ukunibuza okuthize: Kungani uJesu engenzanga izimangaliso ezithile ngale eSamariya na? Akazange enze nesisodwa isimangaliso, Wabafundisa. Ngani na? Wayazi ukuthi uFiliphu wayehlela leyomvuselelo enkulu. Bangaki okwaziyo lokho na? UFiliphu wehla ukuyophulukisa abagulayo, nakho konke. Kungani Engayanga kwabeZizwe futhi enze isimangaliso ukuthi Wenza umJuda nomSamariya akholwe na? Wayazi ukuthi lolusuku lwaluza.

146 Uma noma ubani ethola umcabango ongalungile futhi acabange ukuthi ngizama ukusho okuthile ngami uqobo,

unephutha. Ngingumfowenu futhi akukho okunye, isoni esisindiswe ngomusa, kodwa ngesiphiwo sobuNkulunkulu uMoya oNgcwele asinikezile, Uyazibonakalisa Yena uqobo. Njengoba nazi, emva kokuba ningizwile ngishumayela, angisuye umshumayeli, ngoba angikwazi ukukhuluma, anginamfundo, kodwa isiphiwo sami yisiphiwo sokuprofetha, noNkulunkulu wasethembisa ngosuku lokugcina. Futhi akulutho kodwa . . .

147 UJesu wayengadingekile ukuba aphulukise, kodwa Waphulukisa ukuze kugcwaliseke. Nalezizinto ziyenziwa, hhayi ngoba uNkulunkulu ufanele, kodwa ngenxa yokuthi kungahle kugcwaliseke.

148 Manje, sibizela abantu emsamo. Angikwazi ukuphulukisa muntu, akekho omunye umuntu ongaphulukisa, akukho muthi ongaphulukisa, akukho dokotela ongaphulukisa, akukho sibhedlela esingaphulukisa. Ngifuna ukukhuluma nodokotela ongaphulukisa, ngifuna ukukhuluma nanoma yimuphi umuntu ongaphulukisa, yena unephutha.

149 Uma ngephuke ingalo yami, futhi ngagijimela ehhovisi likadokotela, ngathi, “Phulukisa isandla sami ngokukhulu ukushesha, Doc, ngifuna ukuqeda ukugwedla imoto yami.”

Ubeyothi, “Udinga ukuphulukiswa kwengqondo.” Angalihlela ithambo, kodwa uNkulunkulu uzofanele aphulukise, ngokuba uNkulunkulu nguyena kuphela uMdali.

150 Udokotela angakwazi ukususa isithiyo, i-aphendiksi, noma isimila, noma okuthize, kodwa uNkulunkulu uzofanele aphulukise. Udokotela angalikhipha izinyo, uNkulunkulu uzofanele amise igazi futhi akhulise amangqamuzana okuphila. Nguyena kuphela uMphulukisi.

151 Wena uthi, “Kuthiwani ngomjovo kazifozonke ngomkhuhlane omubi.”

152 Lokho kufana nophoyizeni wamagundwane endlini, unesigejane samagundane, wendlala uphoyizeni othile wamagundwane, adla indlu, izimbobo endlini, manje, uphoyizeni wamagundane awuzipheshi izimbobo, ubulala amagundane. Futhi yilokho okwenziwa umjovo kazifozonke, ubulala amagciwane omkhuhlane, futhi uNkulunkulu uzofanele akhulise amangqamuzana okuphila nokuphila kubuye futhi. Nguye kuphela uMphulukisi. Wathi, amaHubo 103:3, “NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zenu.” Uma kukhona okunye ukuphulukisa, uNkulunkulu washo into eyiphutha.

153 Uma uSathane engaphulukisa, uNkulunkulu washo into eyiphutha. UJesu wathi uSathane akakwazi ukuphulukisa. Ukuba ngumphulukisi ubeyofanele abe ngumdali, uma engumdali, unguNkulunkulu. USathane akakwazi ukudala, uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile. Akasuye u—akasuye u—umdali, ungumphendukezeli. Ukulunga . . . Yini isono na? Ukulunga kuphendukezelwe. Kunjalo.

154 Manje, asihloniphe ngokuzithoba imizuzwana embalwa. (Futhi uma uthanda, *Kholwa Kuphela*.)

155 Manje ngiyacela, uma ufanele uhambe imizuzu elandelayo eyishumi nanhlanu, uma ungenakuhlala, si . . . Angisho ukuthi uNkulunkulu uzokwenza lokhu, ngethemba ukuthi Uzokwenza. Uma Ezokwenza futhi asho i . . . enze izinto ezifanayo lapha Azenza emuva lapho, bangaki abazoMkholwa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwemukela futhi ngikukholwe." Kulungile, hloniphani ngokuzithoba ngempela manje umzuzu.

156 Manje, Baba waseZulwini, konke okunye kukuWe, Nkulunkulu wami oThandekayo neNkosi. Futhi lapho sisuka lapha kulobubusuku, lababantu beya emakhaya abo ehlukene . . . Kwakukhona abafundi ababili ngesinye isikhathi, emva kokuvuka, bahamba naWe yonke indlela beya e-Emawuse, ngenkathi Ubafaka ngaphakathi, neminyango ivaliwe, Wenza into ethize okungekho omunye umuntu obengayenza kanjalo, namehlo abo avuleka, futhi baKuqonda.

157 Kungahle kube nabefundisi abaningi abakahle, amalungu amaningi ebandla amahle Ohambe nawo futhi wakhuluma nawo, kodwa abakaze bakuqonde ukuba khona kwaKho ezindaweni zonke, ukubonakaliswa kwaKho kweZwi laKho. Manje, Nkosi, njengoba sibuthene kulesisakhiwo, makuthi uMoya oNgcwele ubamboze endlini yezihambi encane, beseke evula amehlo abo, futhi wenze okuthize lapha manje kulobubusuku njengoba Wenza ngaphambi kokufa kwaKho, ukumbelwa, nokuvuka ukuze bazi, beqinisekile, ukuthi inkolo yamaKristu yiyona nkolo yeqiniso kuphela ekhona.

158 OkaMohamede, uBuda, bonke abanye onkulunkulu bamanga bangamanga, kodwa UnguNkulunkulu wangempela, uNkulunkulu ophilayo, Lowo Ovukile kwabafileyo futhi uyaphila kuze kube phakade, egcina izithembiso zaKho kuzo zonke izizukulwane. Siphe khona, Nkosi, siza inceku yaKho engenanzuzo, futhi kwangathi ngingazinikela kuMoya oNgcwele, nikela iBandla laKho ukuba likwemukele. EGameni likaJesu. Amen.

159 Kulungile, asimise abambalwa ngezinyawo zabo, asiqale nge . . . (Yini esiyigijimisile izolo ebusuku na? Elokuqala kuya ekhulwini na? Elokuqala kuya ekhulwini na? Ukhipheni na? Ukhipheni na? Ini? Ini?) Elokuqala kuya ekhulwini ku-F. Asithole elokuqala-ke. Elesibili, ubani onalo na? Elokuqala. Buka ikhadi lakho, omunye angahle abe seduze kwakho ongakwazi ukusukuma. Ngibona indoda, ibukeka njengasesihlalweni esinamasondo, uma ngingaphosisi, ihlezi laphaya. Linda, ngabe kunjalo na? Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala, ungasiphakamisa isandla sakho kulokho na? O, ngiyaxolisa, kulungile. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine,

elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, mabame kuqala futhi beze.

160 Kulungile, uma nje nizokwenza indlela yenu khona ezansi lapha, uDokotela Vayle uzonikhombisa emgqeni. Futhi uma ni . . . Uma umuntu enalawomakhadi futhi engakwazi ukusukuma, tshela nje omunye oseduze kwakho, bazokuthwala. Futhi manje, o, nangu owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, kukhona oyedwa oshodayo. Ishumi, ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu. Woza manje, ngokushesha.

161 Sicindezelekile kancane ngesikhathi, kodwa ungabi nokwethuka. Uyabo? Ungabi nokwethuka, uphazamisa yonke into. UJesu akazange ajahe noma yini. Ngakho-ke ake sithi ukuzotha imizuzwana embalwa. Kungahle kusho umehluko phakathi kokuphila nokufa.

162 Kulungile, lawomakhadi omkhuleko kusukela kwelokuqala kuya kweleshumi, ngikholwa ukuthi ngibizile, wozani ngaphambili. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili. Manje, ngizonibuza ngakho konke okungaphakathi kwami: Uma nizohlonipha ngokuzithoba imizuzwana embalwa nje, hlalani phansi nje, nithule, imizuzwana embalwa nje.

163 Lesi yisikhathi ukuthi akunandaba ukuthi bengiyothini, uma uNkulunkulu engakwesekeli lokhu, khona-ke nginephutha, khona-ke iZwi laKhe linephutha. Futhi ungethande ukwazi noma ngabe ubuKristu bungokwangempela noma qha na? Kuthiwani uma nje kuyisimemezelo samazwi na? OkaMohamede angasho into efanayo. Uma-ke uthi, "O mfowethu . . . "

164 NjengoDokotela Morris Reidhead, ngenkathi ekhuluma nalowo kaMohamede, wathi, "Buka lapha," wathi, "Mnu. Reidhead," wathi, "uMohamede ungowangempela nje kimi njengoba uKristu enjalo kuwe." Wathi, "Kanjani . . . ? Ubengenzenjani uJesu wakho ovukileyo, njengoba niMbiza kanjalo, angenzele okunye . . . ?" Manje, niyazi ukuthi uReidhead wayengubani, wayengumongameli weziMishini zaseSudan, omkhulu kunabo bonke ezweni. Wayesethi, "Ini," lo kaMohamede ofundile wathi, "uJesu wakho ubengangenzelani okungaphezu kwalokho uMohamede abengakwenza na?"

Wathi, "Awu, uJesu uvukile futhi."

Wathi, "Ngabe uvukile na?" Wathi, "Kufakazise." Wazi nje lelizwe lapha, linda uze ufike ngale ensimini yakwamanye amazwe. Wathi, "Kufakazise."

Wathi, "Ngani, impela ngingakufakazisa." Wathi, "Usenhliziyweni yami," wathi, "UJesu uhlala enhliziyweni yami."

OkaMohamede wathi, “UMohamede usenhliziyweni yami.”

“Awu,” wathi, “Sinenjabulo nentokozo ngoba uJesu . . . ”

165 Wathi, “Mnu. Reidhead, inkolo kaMohamede ingaveza eningi impela nje isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengoba ubuKristu bungenza.” Nakho lapho okhona. Wathi, “Thina bakaMohamede,” okungusayizi ophindwe kathathu wobuKristu, amaKatolika, nabo bonke ndawonye, wathi, “thina bakaMohamede silindele ukubona nina bafundisi niveza lokho uJesu athi kuyokwenzeka, ukuthi uvukile kwabafileyo. Lapho sibona nenza izinto athi uyozenza njengoba enza, khona-ke sizokukholwa, kuze kube yilapho ufile nje njengoMohamede.”

166 UMnu. Reidhead wakhahlela inhlabathi futhi washintsha indaba. Impela. Yini enye ayengayenza na?

167 Kodwa ngenkathi ngimi eBombay neBhayibheli esandleni esisodwa, neKoran kwesinye, nengxenye yesigidi sabo phambi kwethu, ngathi, “Ngiphosela inselelo noma yimuphi okaMohamede ukuba eze futhi afakazise ukuthi alinjalo leliBhayibheli. Omunye wabo uqinisile nomunye unephutha. UMohamede ufile, noJesu uyaphila.”

168 Futhi ngenkathi uJesu ezifakazisa Yena uqobo ngokunikeza indoda eyimpumputhe ngokuphelele . . . ngenkathi bebone lezozinto zenzeka . . . Angazi neze ukuthi yini ezayo emgqeni womkhuleko. Ngenkathi bebone lezozinto zenzeka, oRaja nabo bonke behlezi phandle lapho babecabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo. Ngangazi ngoMoya oNgcwele yilokho ababekusho. Ngababuza, “Ukusho ngani lokho na? Kungani ucabanga lokho na?”

169 Kodwa emva kwesikhashana, impumputhe yadlula, wayitshela ukuthi yayingubani. Angikwazanga ngisho nokubiza igama layo, ngadingeka ngilipele kuyo, kunjalo. Ngathi, “Uyisinxibi, uyindoda eganiwe enabantwana ababili.”

“Kunjalo.”

Ngathi, “U—ungumkhonzi welanga, usube yimpumputhe iminyaka engamashumi amabili.”

“Kunjalo.”

Babesalokhu bethi, “Ukufunda ingqondo.”

170 Kodwa ngase-ke ngibheka emuva, ngabona into ethize el’hlaza s’bhakabhaka, ngase ngibuka, indoda yayinokubona kwayo, ngombono. Kwase kuthi bonke odeveli esihogweni abakwazanga ukukumisa, kungengaphezu kokuvuka kwalowomfanyana eNorway, elele emgwaqeni efile, kwashiwo eminyakeni emibili ngaphambi kokuba kwenzeke, impela.

171 Amashumi ezinkulungwane ezinto. Kungani kungaphumi na? Kungani kungaphumi na? Njengoba bekunjalo nje kuyo

yonke iminyaka, akusikho okwakho ukuphuma. Ubiza abaqotho enhliziyweni. Sizokhuluma kakhulu ngakho ngeviki elizayo.

172 Qaphelani manje, kodwa ngenkathi kufika umbono, ngase ngithi, "UNkulunkulu wokudaliweyo . . . Futhi bengisethempelini lamaJain namhlanje, futhi wangitshela ukuthi inkolo yakho yayinkulu kunanoma iyiphi inkolo, khona-ke makuthi uNkulunkulu Owenza umuntu ayinike ukubona kwayo. Bangaki lapha" ngathi, "abazokwemukela, uma uNkulunkulu-Mdali ezonika indoda ukubona kwayo na?" Ngangingeke ngikusho lokho ukuba umbono wawungafikanga, kodwa ngangazile lapho engangimi khona. IZwi likaNkulunkulu lakhulunywa, Liyiqiniso.

173 Lapho emi lapho, naleyondoda eyimpumputhe ngokuphelele, ngathi, "Uzokhonza uNkulunkulu ozokukhonza, e, ozokuphulukisa na?"

Yathi, "Yebo."

174 Ngathi, "Beningayenzelani nina bakaMohamede manje na? Lutho. Beningayishintsha indlela yayo yokucabanga, amaJain, uBuda, nokunye nokunye, indlela efanayo, akulutho kodwa isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo yabantu abahlangene abaningi." Ngathi, "Sinento efanayo eMelika, yonke iMethodisti ifuna ukwenza onke amaBaptisti amaMethodisti, ngapha nangapha, namaPentecostal afuna onke abe yiPentecostal, sinoNkulunkulu oyedwa, kodwa nje yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo yabantu abahlangene abaningi. Makuthi uNkulunkulu okhulumayo abe nguNkulunkulu." Kunjalo. Futhi bonke bavuma ukuthi babezoMemukela.

175 Ngathatha indoda ngayigona ngase ngiyikhulekela omncane, umkhuleko olula wayo, noNkulunkulu wabuyisela ukubona kwayo. Nemeya yedolobha laseBombay yayihlezi lapho, indoda yayibamba. Futhi izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zemukela uKristu ngesikhathi esisodwa.

176 Yini indaba na? Siyehluleka ukwenza lokho uJesu akusho. Wathi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli." Sakhe amabandla, amahlelo, nezikole. Lokho kulungile, kodwa lokho akusikho Akusho. Wathi, "Nishumayele iVangeli." IVangeli lingamandla nezibonakaliso zikaJesu ovukileyo. UPawulu washo njalo, nalokho kuyakwenza. INkosi iphe.

177 Manje, ngiyacela, ningayaluzi, hlalani nithule ngempela. Bangaki phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Awuzukubizelwa emgqeni, kodwa uyakholwa ukuthi uKristu uzokuphulukisa na? Phakamisa isandla sakho. Ukuze ngithole nje i . . . Awu, konke nje, ndawo zonke. Kulungile, kholwa nje. Bheka nje ngaseZulwini bese uthi, "Nkosi, ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke." Futhi uma siyi—yigatsha, UnguMvini,

Ufaka amandla umvini, uzokhuluma njengoba Enza nje, kungenjalo Akafani.

178 Manje, nangu owesifazane emi lapha, asazani ngokwazi kwami. Bangaki phakathi lapha abangangazi phandle lapho na? Ake sibone izandla zenu, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe.

179 Nina enisemgqeni womkhuleko, uma niyizihambi kimi, phakamisa isandla sakho, emgqeni womkhuleko lapha, phakamisa isandla sakho.

180 Uyisihambi, asikaze sihlangane ngaphambili. Nazi izandla zethu, nanti iBhayibheli: Asikaze sihlangane ngaphambili ezimpilweni zethu. Uma lona wesifazane egula futhi efuna ukuphulukiswa, bengingeke ngamphulukisa. Into kuphela . . . Ukuba uJesu ubemi lapha Ubengeke amphulukise. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela ngeke. Usevele ukwenzile, ngenkathi Efa Wakwenza.

181 Manje, kinina zingane ezintsha kuKristu, enemukele uKristu esikhashaneni esedlule: Bona ukuthi uNkulunkulu wakho ungowangempela yini, ngokuba uMoya waKhe ulapha manje.

182 Futhi eGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya phakathi lapha ngaphansi kwamandla esikhundla kaMoya oNgcwele, okungukuthi manje ayagcoba. Manje hloniphani ngokuzithoba, igama elilodwa lingahle lisho okuthize.

183 Manje uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, umi phambi kwami njengomuntu bekungeke kukwenze uzizwe ngaleyondlela, ngoba ngingumfowenu nje, kodwa kukhona okwenzekayo kuwe. Kwelinye izinga, ngiyakubona. Uma iNkosi uJesu izongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, njengoba Yenza kowesifazane emthonjeni, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Futhi uma kuyiqiniso, uzokholwa ukuthi nguYe okwenzayo na? Kwangathi Angakupha, umkhuleko wami oqotho.

184 Uhlushwa yisimo sokwethuka ngokwedlulele. Kunjalo. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho.

185 Ubengaba nenye into ethize, kodwa kuthe isimo sokwethuka. Kunjalo. Uyakholwa na? Manje bhekisisani, manje, ngenkathi ugcobo luselapha . . .

186 Futhi yeka ukucabanga lokho, “Umbukiso wasesiteji,” emuva lapho! UNkulunkulu uzobeka isifo phezu kwakho esivela kuye. Angifundi wona umqondo wakhe!

187 Yebo, ngiyakubona, unokwethuka ngokwedlulele ngempela. Futhi unohlobo lokuphathwa yikhanda, yisimo sesifo samankanka. Unenkathazo ohlangothini lwakho. Ube nokuhlinzwa kwe-aphendiksi, unomdlavuza wesikhumba, futhi. Uyakholwa ukuthi lowo nguMoya kaNkulunkulu lapha na?

188 Khona-ke kukhona Into ethize engigcobile, uyazi angizazi lezozinto, angazi ukuthi ngikutsheleni, kuphela ngamateyipu. Ulizwile iPhimbo likhuluma kuwe, bekungesilo elami, BekungeNye into, ngoba bengingeke ngazi ukuthi ngithini. Uyakukholwa, Ugcwalisa iZwi laKhe na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Khona-ke woza lapha umzuzu nje. UJesu washo lamaZwi: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda." Uyakukholwa lokho na?

Ibandla malikhothamise amakhanda abo.

189 Baba oPhakade noBusisiwe, eGameni leNkosi uJesu, kwangathi konke lona wesifazane akufisile kungafika kuye manje, ngokuba ngiyakucela, eGameni laKhe. Amen.

190 UNkulunkulu akubusise, nenekazi, hamba ngendlela yakho uthokoza, ujabule.

191 Siyizihambi komunye nomunye, angikaze ngikubone empilweni yami . . .

192 Manje hloniphani ngokuzithoba, ningayaluzi, khulekani. Kukhona okwenzekile ngaleyonkathi, angizange ngikubambe. Niyabo, okuyikho, bangaki abake babona isithombe saKho emuva lapho, ukuKhanya na? Bangaki owaziyo ukuthi uNkulunkulu uyilokho kuKhanya na? Bangaki owaziyo ukuthi iNsika yoMlilo eyahola abantwana badabula ehlane kwakunguJesu Kristu na? Bangaki abaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Impela, kunjalo.

193 Khona-ke ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu." Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Kulungile. Ngenkathi Ebuyela kuNkulunkulu, Wabuyela kukuphi emva kokuvuka kwaKhe na? UPawulu wahlangana naYe endleleni eya eDamaseku, WayengukuKhanya. Ngabe kunjalo na? UPetru etilongweni . . . Kunjalo. Nangu Ukhona namhlanje, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Naso isithombe saKhe emuva lapho. Shayela eWashington, DC ehholo lezenkolo lobuciko futhi uthole ukuthi yiSidalwa esingaphezu kwemvelo, esithwetshuliwe, futhi nguGeorge J. Lacy inhloko ye-FBI, bona ukuthi kuqinisile noma qha. EJalimane, eSwitzerland, nakuyo yonke indawo, uJesu ofanayo! Impela. Hloniphani ngokuzithoba.

194 Kulungile, nenekazi. Uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzokukholwa futhi ukwemukele na?

195 Ngifuna nina, ngamunye, ukuba nibuke ukuzwakalisa kobuso babantu lapho benyuka. O, lokhu okukhazimulayo . . .

196 Manje, angikaze ngimbone owesifazane, kodwa ngifuna ukunibuza: Alukho yini uhlobo olumnandi, umuzwa othobekile na? YilowoMoya oNgcwele.

197 Wena uthi, "Angikuboni."

198 Ngiyakubona. UPawulu wabona ukuKhanya, kodwa akekho onaye owakubonayo. Kulapha. Manje bonani uma izithelo zifakaza ngakho. Uma kunguJesu, Uzokwenza okufanayo Akwenza.

199 Unokwethuka, futhi, unokwethuka kakhulu. Futhi unokuthile okuhloleliwe, into ethize phezu kwengalo yakho, ngumfutho wegazi ophakeme, kunjalo. Unenkathazo ngomlenze wakho. Kunjalo. Nokuthi ungahle wazi ukuthi ngi . . . ukuthi uMoya oNgcwele ulapha, Owazi impilo yakho, uneqolo elibi, nalokho kwabangelwa yingozi yemoto. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje uyakholwa na? Uphulukisiwe, hamba ngendlela yakho uthokoza, awudingi umkhuleko, ukukholwa kwakho kukusindisile.

200 Nakhu, ngowesifazane phandle lapho ekugcineni, ubunomfutho wegazi ophakeme, futhi, inenekazi ebhantshini eliluhlaza okwesibhakabhaka. Kunjalo. Futhi lalela, ubunenkathazo yenhliziyo, futhi, ubungenayo na? Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho, yima ngezinyawo zakho. Uthinte uJesu Kristu, futhi Usekuphulukisile. Amen.

201 O, kuMoya oNgcwele obusisiwe! Ningaqonda yini ukuthi uNkulunkulu oyonehlulela ngoSuku lokwaHlulela uphakathi lapha ebukhoneni bethu manje, noma, siseBukhoneni baKhe. O, iMbali enkulu yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, neNkanyezi yoKusa! Aniboni yini ukuthi uMoya ufakaza ngento efanayo iBhayibheli elayisho na? Singahlala kanjani siqinile na? Ngike ngazibuza ngesinye isikhathi ngenkathi abantu abazisho ukuthi bange izinga lezibusiso zikaNkulunkulu, futhi abakwazi ukulinda imizuzu embalwa.

202 Ngiyacabanga, nenekazi, ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

203 NgukuKhanya, ngifanele ngiKubhekisise lapho Kuhamba. Abantu ba—abantu phandle lapho ba, banokukholwa, futhi nje baqala ukukholwa, niyabo, futhi yilokho okukwenzayo . . . Ngingakhuluma kuphela lapho Kuhamba.

204 Yebo, uhlushwa yinkathazo, yinkathazo yomtshazo, isimo sokuwa. Kunjalo. Akusikho lokho kuphela, kodwa kukhona owesifazane obonakala lapha, uyamkhulekela, kukhona ababili babo, bangodadewenu, kunjalo.

205 Awusuye owakulelidolobha noma lesisifunda, kubukeka kimi sengathi yiMinnesota. Futhi lapho ovela khona yisakhiwo esikhulukazi esinechibi eceleni kwaso, esikhulukazi, esikhulu . . . YiRochester. Kukhona uMtholampilo wakwaMayo, kunjalo. Hamba uye ekhaya, futhi ukuthole ngendlela okholwe ngayo, futhi kuzoba ngaleyondlela nje, eGameni likaJesu.

206 Sawubona? Nasi isithombe futhi: Owesifazane oyikhaladi, indoda emhlophe. Nasi isithombe sangempela sodaba

lomSamariya: Owesilisa nowesifazane, izinhlanga ezimbili ezehlukene—ezimbili ezehlukene, owesifazane oyikhaladi nomlungu. Nenekazi, angikaze ngikubone empilweni yami, njengoba ngazi ngakho. UNkulunkulu uyakwazi lokho, noma ngabe kuyiqiniso noma qha. Uma ngingakwazi, nawe ungangazi, phakamisa isandla sakho.

207 Manje ngifuna ukunibuza okuthize, lona wesifazane nami, phambi kukaNkulunkulu, asikaze sihlangane ngaphambili, futhi simi lapha, isithombe esiphelele seBhayibheli. Manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, uma Ezozibonakalisa Yena uqobo kini beZizwe njengoba Enza kumSamariya, bangaki abeZizwe abazokukholwa ngayo yonke inhliziyo yabo na? Ake sibone isandla sakho, uthi, "Kuzokuxazulula uma Ezokwenzela lona wesifazane." Lemibono yenza ubuthakathaka, ungakubona lokho.

208 Ngifuna ukukhuluma nawe umzuzwana nje, nenekazi. Yiba ngumahluleli. Uma ngikutshele ukuthi ubugula futhi uzosinda, ubuzoba nezwi lami kuphela ngakho, kodwa uma uNkulunkulu embula into ethize esemuva empilweni yakho, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, uzokwazi ukuthi ngabe lokho kuyiqiniso noma qha, uyazi noma lokho kwenzeka.

209 Ngiyalibona inenekazi, lihlushwa yisifo samathambo, futhi linenkathazo yesisu. Futhi ngiyalibona lingena esibhedlela, liphuma esibhedlela, libuyela esibhedlela, futhi liphume; kathathu ubusesibhedlela. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA.

210 Uke waphulukiswa ngaphambilini ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Wake waba nethumba, nobumpumputhe emehlweni akho, futhi waphulukiswa. Uyakholwa ukuthi uMoya kaNkulunkulu ophilayo ulapha na? Uyikholwa. Impela, uphulukisiwe. Impela. Ukuze wazi ukuthi uMoya kaKristu ulapha, uma ngingakaze ngikubone, ngizokutshela ukuthi ungubani, uzokholwa-ke ukuthi iNkosi uJesu Owayazi ukuthi uSimoni Petru wayengubani, ubengazi, unguKristu ofanayo na?

211 Bangaki abangakholwa ngenhliziyo yabo yonke na? Owesifazane oyikhaladi, angikaze ngimbone empilweni yami, isandla sami sikuNkulunkulu. Wena yiba ngumahluleli.

212 Igama lakho unguHattie Green. Lelo yiqiniso. Futhi uhlala e 217 Chellus Street, kunjalo impela. Futhi ubuhlezi esakhiweni namhlanje ngenkathi ngisashumayela, futhi ubone iNgelosi yeNkosi ikhona. [Udade uthi, "Yebo, ngiyibonile!"—Umhl.] Kunjalo impela. Amen. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Hamba uye ekhaya, ususindile, nenekazi. UJesu Kristu uyakusindisa. Amen.

213 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kungani ungaMemukeli-ke na?

214 Uma uzokukholwa, isifo sakho samathambo sizobe sesihambile. Uzokukholwa na? Kulungile, hamba uthokoza. Amen.

215 Kuthiwani ngani ezethamelini na? Nizokukholwa na? Nizoba nokukholwa kuNkulunkulu na? Yini ezonivimbela ekubeni nokukholwa kuNkulunkulu na?

216 Lapha, inenekazi elihlezi khona lapha, omnyama, umoya omubi ulenga phezu kwenenekazi eliselincane. Hlalani nithule, wonke umuntu. Kukhona umoya omnyama olenga khona lapha phambi kwami, yisithuthwane. Ungowaleso, kuyo impela leyontombazane ehlezi khona lapho. Uyakholwa yini, nenekazi, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzolisindisa na? Beka isandla sakho phezu kwalo.

217 Sathane, shiya intombazane, udaluliwe, umubi, phuma kuyo eGameni likaJesu Kristu!

218 Ubunomusa kakhulu emva kwalo ukubeka izandla zakho phezu kwalo, ubuhlushwa yisimo sokwethuka, uNkulunkulu ukuphulukisile ngesikhathi esifanayo. Amen.

219 Wena ophakamise isandla sakho manje nje, eceleni lapho, kubeke phansi nje, unesimo somphimbo ofuna uNkulunkulu akuphulukise kuso, nenekazi engutsheni eluhlaza okwesibhakabhaka. Uyakukholwa na? UNkulunkulu uzokusindisa khona-ke. Phakamisa izandla zakho futhi ukwemukele, futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

220 Ukholwa kanjani na? Inenekazi elihlezi khona lapha eligqoke ijezi eliluhlaza satshani linenkathazo yesifuba. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Kulungile, phakamisa izandla zakho futhi uMemukele.

221 Ayibongwe iNkosi! “Uma ukholwa, konke kungenzeka.” Ufanele ukholwe.

222 Isifo samathambo, ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisa na? Uma ungakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho okucelayo. Amen.

223 Ungahlali lapho kanjalo, kwemukele, kuya phezu kwakho, impela nenekazi. Manje sukuma ume ngezinyawo zakho. Ufake isigqoko esibomvu, yebo, sukuma ume ngezinyawo zakho ngokukhulu ukushesha, yima ngezinyawo zakho. Manje hamba uye ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu uyakuphulukisa. Amen.

224 Phendula lapho uMoya oNgcwele ukhuluma, ngokushesha ngempela! Yazisa uNkulunkulu ukuthi uyaMkholwa.

225 Inenekazi ngemuva ngqo, likhuleka lapho, unenkathazo yenanzi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, nenekazi na? Gxuma ume ngezinyawo zakho ngokukhulu ukushesha futhi ukwemukele!

226 Nginiphosela inselelo eGameni likaKristu, khona manje ukuba nikwemukele futhi nibone ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani!

227 Bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa khona manje na? Phakamisa isandla sakho. Yima ngezinyawo zakho, eGameni likaJesu Kristu, futhi ungangabazi. Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu futhi niMnike udumo, futhi niyakuba nakho enikucelile.

228 Nkulunkulu uSomandla, O Nkosi, kulelidolobha elikhulu lapha, lapho ukungakholwa okuningi kangaka nokungabaza kuzungeza, uSuku lokwaHlulela luzofika masinyane.

229 O, ngiphosela inselelo lodeveli, ukuthi uzosuka kulesisakhiwo kulobubusuku futhi aphume kulababantu, bonke, eGameni likaJesu Kristu!

230 Phakamisani izandla zenu manje futhi niMnike udumo, niye ekhaya futhi niphile. 

58-0126 Yizweni
EThe Hippodrome
EWaterloo, E-Iowa E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org